

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANA NOMPHAKATHI KWAZULU-NATAL,

# MR. B.H. CELE

Ngomhlaka-13 December 2004 sethula ngokusemthethweni isiqubulo sethu esisha esithi: "From Zero Tolerance to 100% Compliance", okusho ukuthi asigcini ngokuthi alufakwa kodwa sithi akuthotshelwe imithetho ngokuphelele.

Inhloso yalesi qubulo ukuqinisekisa ukuthi lapho kwephulwa khona imithetho, izinhlaka zethu zokugcinwa komthetho kumele zenze umsebenzi wazo. Siyisiqubulo esithi njengoHulumeni sinamandla enele ukuba sibhekele ukugcinwa kwemithetho yethu.

Isiqubolo esithi "From Zero Tolerance to 100% Compliance" sishaya emhloleni ngoba kuleminyaka engaphezulu kweshumi sesibonile ukuthi, esikhathini esiningi, izingozi zidalwa amaphutha abantu asuke angagwemeka. Ngakho-ke kufanele uHulumeni uqinisekise ukuthi abasebenzisi bomgwaqo bathobela imithetho ngokuphelele uma besebenzisa imigwaqo. Asikwazi ukuvumela imigwaqo yethu ibe inkundla yokuchachaza abantu abangayilandeli imithetho.

Njengoba ngikhuluma nje, uMnyango wethu umatasatasa uphucula izikhungo zamalayisensi okushayela, ulwa nenkohlakalo ekukhishweni kwezincwadi zokushayela.

Kunabantu abaningi abashushiswayo esifundazweni mayhelana nenkohlakalo. Sibuye sisebenzisane nabezobunhloli ezweni, i-National Intelligence Agency ne-Special Investigative Unit uma kunophenyo

ngamacala abucayi.

Ngomhlaka 10 October sethule isikhungo esingumahamba nendlwana esihlolela izincwadi zokufundela ukushayela esaziwa phecelezi, iMobile Learner's Licence Testing Facility, emcimbini obuseNgwavuma. Lesi khungo singesokuqala eNingizimu Afrika futhi mhlambe esinye sezimbalwa zalolu hlobo emhlabeni.

Ukusungulwa kwalomahamba nendlwana endaweni yaseNgwavuma kuletha usizo obelungakaze lulethwe kubantu besifundazwe sethu ababencishwe amathuba phambilini, iningi labo elihlala ezindaweni zasemakhaya KwaZulu-Natal.

Ngaphambi kokusungulwa kwalabo mahamba nendlwana, iningi lala bantu bekumele bahambe ibanga elingamakhilomitha abalelwa ku-400 ukuze babhale izivivinyo zama-leaners.

Namhlanje sebethola ithuba lokuhlolelwa ukushayelwa ezindaweni zangakubo ngobuchwepheshe.

Lolu hlelo lukamahamba nendlwana luyisibonelo esicacile sokuzibophezela kukaHulumeni wethu ukuqinisekisa ukuthi izidingongqangi zilethwa ngqo kubantu lapho bekhona.

Zonke lezi zinhlelo ezintsha zihlose ukushanela inkohlakalo nokukhwabanisa osekulahlekisele uMnyango wezokuThutha ngezigidi zamarandi kule minyaka edlule.

Isikhungo samalayisensi saseRossburgh, esingesesibili ngobukhulu eNingizimu Afrika, sinomlando wokuba nezinkinga. Nokho-ke, ukulungiswa kabusha kwalesi sikhungo kuzoqinisekisa ukuthi sibheka phambili.

Sekusetshenziswa ubuchwepheshe obusha manje ekukhipheni amalayisensi. Lo msebenzi wokuvuselelwa kwesikhungo sase-Rossburgh uzosatshalaliswa nakwezinye izikhungo esifundazweni. Lokhu kusho ukuthi ukuvuselelwa kwalesi sase-Rossburgh kuyigxathu elibalulekile ohlelweni lokwakha abashayeli abasezingeni elifanele KwaZulu-Natal.

*UDkt Martin Luther King Jnr. wathi: "Sizithola sisesimweni esiphoqa ukuba omunye asizakale komunye, siboshwe ngabhande linye, noma yini ethinta omunye ngqo, isithinta sonke ngandlela thile".*

Uma ucabanga kanje, kuyacaca ukuthi umsebenzi wokuphephisa izimpilo emgaqweni akuwona nje owohlangothi olulodwa. Umqondo omusha kwezokuphepha emgaqweni uveza ukuthi ukuzibandakanya kukaHulumeni ekugqugquzeleni ezokuphepha emgaqweni kumele kungagcini ngokwenziwa kwemithetho yomgwaqo nokubhekela ukugcinwa kwayo. Kodwa kumele kube nezindlela ezibandakanya umphakathi lapho kwenziwa izinhlelo zokugwema izingozi.

Kuyacaca-ke ukuthi ukuphathwa kwezomgwaqo nokuphepha emgaqweni eNingizimu Afrika kusamele kuhlelelwe amasu amasha azobandakanya umphakathi ukuze sikwazi ukubhekana nezinselelo zomphakathi wakithi okhulayo noguqukayo. Lokhu kuzodinga ukuba sicheze emikhankasweni yokuqwashisa, kodwa sigxile kakhulu ekusebenzisaneni nomphakathi ekuhleleni, ekugqugqquzeleni nasekwenzeni imisebenzi yezokuphepha emgaqweni.

Ezokuphepha emgaqweni akuwona umsebenzi kahulumeni kuphela. Ezokuphepha emgaqweni ngumsebenzi wethu sonke. Ngakho-ke, ngithanda ukunxusa osomabhizinisi abazimele. UMnyango wezeMfundo, izikole zokushayela, izinhlaka zenkolo, abaholi bendabuko, abezindaba nabo bonke abanye abathintekayo ukuba bahlanganyele nathi empini yokulwa nezingozi zomgwaqo.

Masizibophezele sonke ekutheni: "PHANSI NGEZINCWADI ZOMGUNYATHI!".

Kuphelile – Finito.





# PHANSI NGEZINCWADI ZOMGUNYATHI!!

## Kuphelile - Finito.

## Izincwadi zokushayela ezithengwayo, into yakudala leyo!

UMnyango weZokuthutha wa KwaZulu-Natal uthuthukisa uhlelo lokutholakala kwezincwadi zokushayela ngokuletha ubuchwepheshe besimanje. Loluhlelo olusha sizoqala ngalo esikhungweni sase Rossburgh, bese lulethwa kuzo zonke izikhungo zesifundazwe.

**Sizuza okulandelayo kuloluhlelo olusha:**

- Uhlelo lokuhlolelwa ukushayela lwenziwa ngobuchwepheshe ukuvimbela umgunyathi nokukhwabanisa
- Izimoto ohlolelwa kuzona zinamakhamela aqopha izithombe nomsindo nakho konke okwenzeka ngaphakathi emotweni.

Ngeminininingwane xhumana no:
**John Schnell** kulenombolo **033 342 4082**
noma ifax **033 394 2979**

UMNYANGO WEZOKUTHUTHA
KWAZULU-NATAL

**ALUFAKWA!**

groovekzn-JN1028–3 Drivers Zulu



INKULUMO YENHLOKO YOMNYANGO WEZOKUTHUTHA KWAZULU-NATAL

# UDKT KWAZI MBANJWA

Kuyintokozo kimina namhlanje ukuba ngethule lokhu osekube igalelo elibalulekile emkhakheni wokukhishwa kwezincwadi zokufundela ukushayela nezokushayela lapha KwaZulu-Natal, futhi ngisho nasezweni lethu lonkana.

Kuzo zonke izifundazwe zakuleli lizwe, iminyango ebhekene nezokuthutha ilokhu ibhekene nalezi zinselelo ezilandelayo:

1) Ukulungisa isimo sokungalingani esadalwa ubandlululo ngohlelo lokuthuthukisa ngokwehlukana;
2) Ukulungisa izinkinga zengqalasizinda;
3) Ukulwa nezindlela eziyinkohlakalo zokukhipha izincwadi zokushayela;
4) Ukulwa nezinga lezingozi nokufa kwabantu emgaqweni okusezingeni eliphezulu ngokungemukelekile.

Sonke sibonile ukuthi lezizinselelo sezakhe isithombe esibi kanjani. Eminye yalemikhuba ivezwe izinhlelo ezifana no:

- Carte Blanche we-M Net;
- Muva nje kusanda kuvela imibiko eshaqisayo ohlelweni i-3rd Degree ku-e TV;
- SA FM nakwezinye iziteshi zemisakazo ezinhlelweni zokuxoxisana;
- Imibiko yamaphephandaba esingeke sayibala.

Ngineqiniso, iningi lenu lapha selike lahlangabezana nalezi zinkinga noma-ke okungenani linazo izihlobo noma abangani ababaziyo asebeke bahlangabezana nazo.

Ngikhuluma nje uMnyango wezokuThutha kuzwelonke ubeke isamba sika-R51 million ukuba sisetshenziselwe ukuphenya ukukhwabanisa ekukhishweni kwamalayisensi ezweni lonke. Isamba esingu-R18 million kulena sabelwe isifunda saKwaZulu-Natal. Uphiko lwethu oluyisipesheli, olwaziwa nge-Special Investigating Unit ngaphansi koMnyango wezokuThutha kuzwelonke lusanda kuphothula isiwombe sokuqala sophenyo esikhungweni sase-Rossburgh.

Sibe sesithatha isinqumo ngo-July nonyaka, sathi sizokwenza izinto ngendlela ehlukile. Bathe kungcono bafune indlela yokugwema lenkinga.  Yikho-ke sekube nalomphumela walobu buchcwepheshe uMnyango osuphume nabo.

Nizozibonela mathupha ukuthi ezobuchwephe zikwazi kanjani ukwenza ngcono impilo ezindaweni ezisemajukujukwini emakhaya.

Namhlanje, uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uyaziqhenya ngokwethula ngokusemthethweni lokhu okulandelayo:

1) Amaloli ezincwadi zokufundela ukushayela.

2) Izinsiza zokusebenza ezenziwe ngcono, eziwubuchwepheshe besimanje, ezilwa nenkohlakalo nezenza lula ukulethwa kwezidingo zophakathi kulesi sikhungo sase-Rossburgh.

3) Uhlobo olusha lwekhadi lezincwadi zokufundela ukushayela oluhambisana nelezincwadi zokushayela uqobo.

## AMALOLI AMA-LEARNERS

Njengamanje kunezikhungo ezingamashumi amathathu nambili (32) KwaZulu-Natal lapho abafundi bekwazi ukubhalela khona izivivinyo zama-learners. Kodwa ngenxa yohlelo ngesikhathi sobandlululo, iningi lalezi zikhungo zitholakala ezindaweni zasemadolobheni. Abafundi abaqhamuka ezindaweni zasemakhaya kudingeka bahambe amabanga amade ukuze bafinyelele kulezi zikhungo.

Lezi zikhungo ezingo mahamba nendlwana zikwazi ukuletha usizo lwama-learners kubafundi lapho bekhona emajukujukwini emakhaya. Uma senza uhlelo lokusatshalaliswa kwala maloli sizoqinisekisa ukuthi sibeka phambili lezo zindawo ezikude kakhulu nezikhungo ezikhona njengamanje.

Njengamanje uma abafundi befaka izicelo zokuhlolelwa ama-learners bayaphoqeleka ukuthi balinde isikhathi eside nokukwenza basembalwa abahlomulayo. Uma sezisatshalaliswe ngokuphelele, lezi zikhungo zizokwenza kuhlolwe abafundi abangu-3000 abengeziwe njenyanga KwZulu-Natal. Sizoqhubeka nokuletha abanye omahambanendlwana.  Nomthamo wabafundi uyonyuka.

Elinye lamasu ethu esinawo ngukuhlela noMnyango wezeMfundo nothishanhloko bezikole ukuba bavumele lamaloli ethu ukuba ahambele izikole zasemakhaya ukuze ahlole abafundi ngenkathi benza umatikuletsheni. Ukutholakala kwezincwadi zokufundela ukushayela umuntu esesesikoleni akuzotakula nje umfundi ezindlekweni zokuhamba, kodwa kuzovulela labobafundi bamatikuletsheni amathuba okuthola imisebenzi noma ukusungula amabhizinisi adinga izincwadi zokushayela. Ngakho-ke, labo mahamba nendlwana bethu bangase badingeke kakhululu ekwakhiweni kwemisebenzi nokuthuthukisa umnotho.

**Labo mahamba nendlwana baphethe lokhu:**

- Indawo yokubhalisa enemishini ekwazi ukuthwebula utwetwesi lwehlo, ethatha iminwe, ethwebula lapho kusayinwe khona, nokuthwebula izithombe zikamazisi.  Yonke lemininingwane igcinwa ikhompyutha ukuze ngamhla ubuya, ngokuhlala nje kuyo iyakwazi ukusho ukuthi nguwe lowo owayebhalise ekuqaleni noma cha.


- Umahamba nendlwana ngamunye unama khompuyutha ayishumi nantathu nokuyiwona enza wonke umsebenzi wokukhishwa kwamalayisensi.

- Umfundi uphendula imibuzo ngokuthinta i-screen. Noma ngabe umfundi akakaze ayisebenzise ikhompyutha phambilini, ukuthola kulula ukuphendula – okusempeleni sicabanga ukuthi kulula kakhulu ukuphendula imbizo ngalendlela uma kuqhathaniswa nezivivinyo ezibhalwayo njengamanje. Labo abangakwazi ukufunda kunemibuzo ephendulwa ngomlomo.

- Uma usuqedile isivivinyo akudingeki mhloli ozomaka isivivinyo. Ikhompyutha iyona ezimakelayo bese yazisa umfundi ngokushesha ukuthi uphasile yini. Ayikho nencane indlela yokuthi umhloli afeyilise umuntu ophasile noma aphasise umuntu ofeyilile ngoba mhlambe efuna ukugwazelwa. Ayikho futhi indlela yokuthi umhloli enze iphutha. Alikho futhi ithuba lokuthi umfundi athole i-leaners ngaphandle kokuqeda yonke imibuzo.

- Imibuzo nezimpendulo kwenziwa ngendlela engefani – okwenza kube nzima kubafundi ukukopelana – ngisho noma ngabe bahlezi eduze komunye nomunye. Ukwenziwa kwemibuzo nezimpendulo akufani loku kuqiniseka ukuba abafundi bayazi kahle imithetho yomgwaqo, izimpawu nezinsiza zokulawula imoto ukuze baphase.

- Ikhompyutha igcina yonke imininingwane yemibuzo ephenduliwe nokuthi lowo mfundi uphasile yini, ukuze kube lula ukuthola ukuthi ilayisensi yokufundela ukushayela isemthethweni yini.



Uma kukhona ozama ukubhala isivivinyo, ikhompyutha imuphika zisuka nje. Lokhu kusachaza kona ukuthi ayikho ngisho nendlela

yokuthi umhloli aqedelele umfundi isivivinyo.

Bafowethu nodadewethu, njengamanje cishe senixakekile ukuthi ngabe kuzokwenzeka kanjani konke lokhu. Nisazolithola ithuba lokuzibonela nizithintele ngqo ekuhambeni kosuku.

**Ukuphuculwa kwezinhlelo zokusebenza**

Uma kungukuthi ubucabanga ukuthi imishini eselolini ayikholeki, uzokuthola kunzima ukukholwa esesikwenzile e-Rossburgh.

Naku okunye kwako:

1) Izicelo zokuhlolelwa izincwadi zokufundela ukushayela nezokushayela uqobo kwenziwa ngekhompyutha;
2) Ukuzikhethela usuku nesikhathi sokuhlolwa – isikhathi siguquka kalula njengoba kwenzeka nalapho kuthengwa ithikithi lebhanoyi, konke kwenzeka ngaphansi kweso elibukhali ukuze kungabi khona ukwenzelela;
3) Uhlelo lokubhalisa nokufaka izicelo zokuhlolwa lwenziwa ngemishi yobuchwepheshe efana nalena ekomahamba nendlwana bama-learners;
4) Kukhona uhlelo lwekhompyutha yama-learners olusebenza ngokuthinta i-screen;
5) Sekwenyuke isibalo sabafundi abahlolelwa ama-learners sasuka ku-132 ngosuku saya ku-240 ngosuku;
6) Amagumbi okuhlolela ama-learners anamakhamera athatha konke okwenzekayo;
7) Indawo yokuhlolela ukushayela nayo efakwe amakhamera – amakhamera ayishumi athwebula ikhona nekhona lendawo yokuhlola;
8) Izimoto zokuhlolela ukushayela ngayinye efakwe amakhamera amathathu kanye nekhomyutha engaphakathi ebheka ijubane, ukubhuleka, ama-indicator, i-clutch, ukushintsha kwamagiya, ukuqhela kwenye imoto, ibhuleki lesandla, ukubamba isteringi nokunye.
9) Izimoto zokwenza izivivinyo zokushayela ezikhishwe uMnyango, ama-Toyota Corolla 160i GLE ezinomshini wokubandisa noma ushisise umoya i-air-conditioning ne-power steering;
10) Iphoyisa elihlolayo manje selizokwazi ukubheka i-video nemiphumela ekhishwe ikhompyutha esemotweni ngemuva kwesivivinyo;
11) Kukhona umshini othatha utwetwesi lwehlo ongaphakathi emagumbini nekhamera esemotweni okuqinisekisa ukuthi umuntu ofanele lona ohlolwayo;
12) Abafundi bazokwazi ukucela i-vidio nemininingwane yekhompyutha yasemotweni uma bengagculisekile ngemiphumela;
13) Umhloli ubona amaphuzu atholwe ngumfundi khona kwikhomyutha ethintwa i-screen kuphela – asikho isidingo sepeni ne-calculator. Phezu kwalokhu, imiphumela yokuhlolwa itholakala ngokukhulu ukushesha;
14) Umhloli kumele abachazele kahle abafundi ngenkathi besendlini enamakhamera;
15) Umshini ogcina imininingwane yonke, imiphumela yezivivinyo zokufundela ukushayela nezokushayela nemininingwane ekwi-vidio nekhompyutha esemotweni kugcinwe isikhathi eside;

**Ukushintshwa kwendlela yokuziphatha**
Kunohlelo lokugqugquzela nokuqeqesha abasebenzi ukuze abakuthokozele ukuba semsebenzini basebenze ngokuzibophela nokubambisana. Loluhelo olusha lusiza abafundisi bokushayela ukuba bagxile ekufundiseni abashayeli ngendlela efanele. Sethemba ukuthi loluhlelo olusha lokuphucula isikhungo sase Rossburgh, luzonika amakhasimende ethu usizo aludingayo, isithunzi nenhlonipho.

## AMAKHADI AMASHA EZINCWADI ZOKUFUNDELA UKUSHAYELA NEZOKUSHAYELA

Asigcini ngokulungisa isikhungo kuphela nje. Sekunamakhadi okungamalayisensi okufundela ukushayela akhiwe ngobuchwepheshe. Lokhu kuzokwenza kube nzima ukukhipha ikhadi ngaphandle kokuba umfundi ephasile.

**Ezinye zezinto esingazibala ngaleli khadi ilezi:**

- Kuthatha imizuzu emithathu nengxenye nje kuphela ukwakha ikhadi elisha okwenziwa ngenkathi umfundi elindile;
- Ngaphezulu kokuphepha nokwakhiwa ngokushesha, leli khadi libukeka kahle kakhulu. Akungabazeki ukuthi abazophatha lamakhadi bazoziqhenya ngawo;
- Lelikhadi linento eyaziwa nge – 'photomask'. Lena ingxenye yekhadi ebhalwa imishini emibili kuphela elapha e-Rossburgh. Ngisho nabakhiqizi bale mishini ngeke bakwazi ukubhala emakhadini aKwaZulu-Natal – ngenxa yendlela ehlukile okufakwe ngayo izinombolo zekhadi;
- Lelikhadi likwazi ukugcina imininingwane engabhaliwe ngokubonakalayo ebusweni bekhadi. Imininingwane yokuphiwa kwabashayeli amaphuzu uma bephule imithetho yomgwaqo izogcinwa kulelikhadi;
- Leli khadi licishe libe inguganaboya ngoba lihlala iminyaka eyishumi.

## ISIPHETHO

Ubuchwepheshe bethu obusha ekushiweni kwamalayisensi kuqinisekisa ukuthi ngeke kwenzeke lokhu:

- Ukuphasa kanti kufanele ufeyile;
- Ukufeyila kanti kufanele uphase;
- Ukuthi kubhale omunye isivivinyo endaweni yakho;
- Ukuthola ikhadi lezincwadi zokufundela ukushayela noma zokushayela uqobo ngaphandle kokuphasa isivivinyo.

Kafushane nje, ayisekho indlela yokuthola izincwadi ngokugwaza noma ngephutha. Kuphelile, Finito, No More!

Ngokuqinisekisa ukuthi abantu bathola izincwadi zokufundela, nezokushayela uqobo, bayahlolwa baphase, siqinisekisa ukuthi bayayazi imithetho yomgwaqo, izimpawu nezinsiza zokulawula izimoto zabo. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi siba nabashayeli abaphephile emigaqweni yethu, okuyinto vele esihlose ukuyizuza ekugcineni.

Ngiyazi nizovumelana nami ukuthi omahamba nendlwana bamalayisensi

nalesi sikhungo sase Rossburgh nabo bonke ubuchwepheshe obufakwe khona, kuyizindaba ezimnandi esikhathini eside emkhakheni wamalayisensi. Esikhathini esiningi bekulokhu kunesithombe esibi ngalomkhakha wokukhishwa kwamalayisense.

Sonke lesi sikhathi, iziphathimandla bezilokhu zibheka emuva zenza uphenyo ngokukhwabanisa nenkohlakalo. Esikhathini eside besilokhu sibhekene nenkinga yezingozi zomgwaqo, iningi lazo elibangelwa abashayeli abangekho ezingeni elifanele.

Nginesiqiniseko sokuthi bonke abathintekayo kuloluhlelo kubandakanya izikole zokushayela, izikhungo zemali, imboni yezomshwalense, i-Automobile Association, abakhiqizi bezimoto nabanye bazohlabeka umxhwele futhi balwesekele ngokuphelele lolu hlelo.

**Ekugcineni, sithi: "Kuphelile, Finito, No More!"**





# PHANSI NGEZINCWADI ZOMGUNYATHI!!

## Kuphelile - Finito.

UMnyango weZokuthutha wa KwaZulu-Natal uthuthukisa uhlelo lokutholakala kwezincwadi zokushayela ngokuletha ubuchwepheshe besimanje. Loluhlelo olusha sizoqala ngalo esikhungweni sase Rossburgh, bese lulethwa kuzo zonke izikhungo zesifundazwe.

**Sizuza okulandelayo kuloluhlelo olusha:**

- Akusalindwa kakhulu
- Ukubhala ilearners kuzokwenziwa nge computer ngolimi lweSingisi neSizulu
- Umshini uyaqikelela ngenkathi ubhala ukuthi nguwe ngempela obhalayo. Loko kuvala amathuba okukhwabanisa
- Imiphumela iphuma nxa uqeda ukubhala

Ngemininingwane xhumana no:
**John Schnell** kulenombolo **033 342 4082**
noma ifax **033 394 2979**

UMNYANGO WEZOKUTHUTHA
KWAZULU-NATAL

**ALUFAKWA!**

groovekzn-JN1028-4 Learners Zulu